PDF Complete
Your complimentary use period has ended. Thank you for using PDF Complete.
Click Here to upgrade to Unlimited Pages and Expanded Features

Wenzeni uhulumeni ka Khongolose Kusukela ngo nyaka ka -1994 kuze kube wu nyaka ka-2013.

Njengezintatheli okungathi zifundiswa into eyodwa ngokukhuluma uma zibika udaba ozizwa zitshilozisa izwi kamnandi, kanjalo nezikhulu zikahulumeni kungathi zifundiswe into eyodwa yokuthi uma sezibanjiwe ukuthi zehlulekile ukusebenzisa imali yabakhokhi bentela ngendlela yokuthi kweneliseke bonke abantu uzwa zithi: **" Uma ubona intuthuko kwamakhelwane kumele ujabule, ngoba kusho ukuthi isendleleni iza kancane , nakuwe iyeza, …"** ongazi ke nokho ukuthi iza kancane nje isivinini sincishiswe yini kusela uqala unyaka kuze kube uyaphela kanjalo kuze kuphele iminyaka eminingi kangaka.

Leliculo sebeze balijwayela nabantu ukuthi njalo uma sekushaya isikhathi sokuvota, bezwe amazwi anjenga lawo; okuthi : abathokoze ngokuthuthuka komunye yize bona bengathuthukile.

Uma sikhuluma ngohulumeni nabantu kanye nokulethwa kwentuthuko sisuke sikhuluma ngokumuntu oqokiwe wanikezwa imali ngabantu ukuze abalethele izidingo zempilo. Ayikho indlela okungamukeleka ngayo ukuthi umuntu othunyiwe wanikwa imali ukuthi alethe izidingo zomphakathi ukuthi kube nabantu akangabaniki zona noma angabe ubanikeza ziphi izizathu zokukungakwenzi akuthunyiwe.

Ngamanye amazwi isizathu abantu abangasivotelela uhulumeni akiskhona ukuthi uletha intuthuko ngoba akusiyona imali yakhe akenza ngayo lokho, kodwa into abantu abangovotelela yona uhulumeni **wubuqotho, yiqiniso, ukubhekelela ukuphepha komphakathi, nokuba nohlahlandlela omuhle wokuqindisa isizwe ekusaseni eliqhakazile, nokwesaba uNkulunkulu onguMdali wezulu nomhlaba nakho konke okukuwo.**

Ubaba onjani owondla izingane eziyisikhombisa kweziyishumi anazo abese kuthi uma zikhala lezi ezinye ezingondliwanga, ebese ethi kuzo ukuthi ziningi kakhulu, kodwa azijabule nazo ngoba ziyabona ezinye zondliwa, azijabule nazo kuzofika kuzo. Esho lokho nje izingane kade zimbona ukuthi akazondli nje yingoba kade ematasatasa egila imikhuba okwenze zinganakwa.

Lokho kusitshela ukuthi ukuletha intuthuko nezidingo kubantu kuyinto ephoqa yinoma yimuphi uhulumeni osemandleni ikakhulukazi ngoba imali yokwenza lokho uyiqoqa kubo abantu ngentela nangezindlela eziningi ezahlukene.

Ngakhoke okubalulekile abantu abangakugcinela nabangakuthandela uhulumeni **wubuqotho,yiqiniso, ukwethembeka, uthando lwesizwe kanye nothando lukaNkulunkulu , kanjalo nokuqinisekisa ukuthi sikhula ngobuqothotho , ngeqiniso, ngokuthembeka, wuthando kanjalo nokumesaba obadalile nobanikeza impilo lowo okunguNkulunkulu.**

PDF Complete
Your complimentary use period has ended. Thank you for using PDF Complete.
Click Here to upgrade to Unlimited Pages and Expanded Features

Ngakhoke uma sikhuluma ngokuthi uhulumeni wenzeni kuleminyaka engama-20 kusukela ngo nyaka we- 1994 akumele sigxile kwintuthuko nezidingo zomphakathi ngoba lokho kuyinto evele ilindelekile neyimpoqo ukuthi uhulumeni ayenzele umphakathi, kumbe abavoti.

Uma eminyakeni engama -20 kusekhona izinto akavumayo uhulumeni ukuthi akakazenzi lokho akusho ukushoda kwemali kodwa kusho ukungethembeki nokwehluleka ukusebenzisa imali yabakhokhi bentela ngendlela efanele neneqiniso, nanokuthi kuwukwehluleka ukufinyelela kubantu emazingeni ahlukahlukene ngokusebenzisa umasipala nezinye izinhlaka ezikhona. Kanjalo uma kufika isikhathi sokuvota ebese kuba nokwethuka kuhulumeni athi ubengazi ukuthi kusekhona abantu abasaphila impilo ebuhlungu nenzima ngalendlela, lokho kusitshela ngokusobala ukuthi amaxhama okuxhumana ukuze kufinyeleliswe izidingo kubantu ngemali yabo akanawo noma awekho kwasanhlobo.eqinisweni ukuqala ngokubhekelela izindawo ezivele zithuthukile , kushiywe izindawo ezaziwayo ukuthi zisilele, inhloso kusuke kusobala ukuthi lezo ndawo ezishiyiweyo zisuke zishiyelwe ukuthi kukhankaswe ngazo.

Into ebalulekile okumele ibhekwe ngohulumeni okufanele avotelwe ahole abantu; ***wubuqotho, uthando lwabantu, wuthando nokumesaba uMdali, wukwethembeka neqiniso*** nokunye okufuze lokho. Uma ï ke singaqala sibheke lezozinto kuhulumeni kaKhongolose okuwuyena obambe izintambo zombuso njengamanje, sibona okuphambene njengempumalanga nentshonalanga nalokho.

Kufanele ukuthi ngaphambi kokuthi sibheke ukuthi ukwazile yini ukusebenzisa imali yabakhokhi bentela ngendlela eyiyo nangokwethembeka, wukuthi sibheke lezizinto ezilandelayo okubonakale kuyizona ezilokhu ziseqhulwini okusengathi yizona abantu abebelindele ukuzihlomula kuhulumeni:

1. Okokuqala nje sibone abantu bephucwa amalungelo okuphila ngokuthi banqatshelwe ilungelo lokuxhumana noMdali wabo obanikeza ukuphila nempumelelo, ikakhulukazi njengoba sibone **kuvalwa imithandazo ezikoleni** (*lokho okuyi-agenda yakhe uhulumeni ngoba asizange sibone muntu ekhalaza ethi imithandazo iyaphazamisa ezikoleni, okuwukuthi , kahle kahle kusobala ukuthi imithandazo wayebona ukuthi izomphazamisa ezinhlosweni zakhe ezinjengokuthi; uSathane angakwazi ukusebenza kahle esizweni sakusasa okuyizingane ezisesesikoleni*.)
   Lokho-ke singasho sithi cishe umgomo wakhe kulenyongxenye usufezekile ngoba siyabona izingane zingenwa yimimoya kaSathane, ezinye seziyizikhonzi zakhe vele uSathane kusukela **kwaqedwa imithandazo ezikoleni**. Siphinde sabona uSathane ethola intuba evulelekile engaphazamiswa mithandazo la kuchitheka khona igazi emigwaqeni emakhaya nangezindlela eziningi ezahlukahlukene. Lapho-ke uhulumeni singamshayela ihlombe elikhulu.
   Namanje sisabona izingane zibulalana ziphinde zibulale nothisha ezikoleni. Cha-ke lapho singasho sithi halala kuhulumeni.

2. Okwesibili sibone uhulumeni ephuca abazali amalungelo okukhulisa izingane ngendlela okuyiyona efaka: ikusasa. ubuqotho, yiqiniso, impilo, ukubekezela, imfundo, ukuhlonipha bonke abantu, ukuzihlonipha, ukuthanda abantu, nokwesaba uNkulunkulu ngokuthi **avale ukusetshenziswa kwenduku.**

- Kanti futhi sesiyibonile futhi sisayibona iqhubeka imiphumela nokufezeka kwezinhloso zakhe uhulumeni njengokuthi:

PDF Complete
Your complimentary use period has ended. Thank you for using PDF Complete.
Click Here to upgrade to Unlimited Pages and Expanded Features

izingane azisalawuleki ezikoleni lokho okwenza isiko nesisithunzi semfundo yabantu abamnyama abadla imbuya ngothi sidicileleke phansi kanjalo ebese kulandela ububha, ukuphela kwezimilo, kanye namakhono, kanjalo nokufa kwentsha isencane.
Sibona izingane zigcwele emigwaqeni nasezipotini ngezikhathi sesikole. Lezo ezisegumbini lokufundela zihlukumeza ziphinde zibulale abafundisi bazo. Ezinye zingena nezikhali ezizivikela ngazo kothisha uma kungenzeka nje bazishaye ngoba zinelungelo lokungashawa, kanjalo sizibona ziphinda zisebenzisa zona izikhali ukuthi zibulalane ngazo.Sibona zingena nezidakamizwa ezindaweni zokufundela.
Zisibona zinikezwa ilungelo lokulalala zingashadile nelungelo lokufunda zukhulelwe ezikoleni.
Isizathu abukho ubuhlungu ezizwiswa bona uma zingenzanga kahle. Ziningi-ke nezinye izinhloso eziningi esizibone zifezeka njengokuthi uma izingane sezikhulile sezidlebelekile sekufika la kuthinta yena uqobo uhulumeni ebese , zichithwa igazi ngenhlamvu yesibhamu, abasindile bayogxishwa imimoya emibi emajele. Lokho **okusobala ukuthi ubuhlungu buyadingeka ukuze kuqondiswe ngabo umuntu ukuze akhule abeqotho abenekusasa eliqhakazile**.

3. Okwesithathu siphinde sabona **izidakamizwa zinikezwa amalungelo phezu kwabantu** kanye nokuphila kwabo. Lokhu kuvele kakhulu nasezinkulumweni zosopolitiki noma ongqongqoshe lapho bekuveza ngokusobala ukuthi noma bengafa ubuthaphuthaphu abantu kodwa ayikho indlela okungavalwa ngayo izidakamizwa noma uphuzo oludakayo ngoba into ebalulekile wukuzicebisa bona ngezimpilo zabantu kunezimpilo zabantu. Sizibonile-ke futhi sisazibona nanamhlanje izinhloso zakhe uhulumeni zifezeka njengalezi ezilandelayo: phakathi kokuningi sibone *nezingozi nokuchitheka kwegazi okudalwe wuphuzo oludakayo*. Sabona ngisho nentsha yesifazane ingena ithi shi kulo uphuzo olunamandla *nezidakmizwa* okwandise kakhulu *ukuncola*, *ukungaziphathi kahle*, *nokonakala okunhlobonhlobo*. *Ukulahlekelwa imisebenzi kwabasebenzayo, ukudilika kwemindeni.*
4. Sibone ukungcola nokonakala la abantu benikelwe emimoyeni emibi la benikelwa khona *ebunkonkonini nasebungqingilini*.
5. Siphinde sabona kwanda izigameko zokwanda kwempilo *yasemigwaqeni*, *njengokudayisa kwemizimba, izidakamizwa, izingane ezihlala emigwaqeni*.
6. Sibona futhi kugunyazwa izingane ezineminyaka kusukela eminyakeni eyi-12 kuya kweyi-16 ukuba *ziwotawotane emigwaqeni ziphinde zikhululeke ukuthi zizenzele ucansi ngendlela ezithanda ngayo.*
   Saphinde sabona *kusatshalaliswa amkhondomi ukuba asetshenziswe yizingane kusukela ezikoleni ezisemazingeni aphansi ukuze zingaboni cala ngokwenza ucansi ngaphandle komshado* kodwa zazi ukuthi: akunandaba ukwenza ucansi kuphela wukuthi ulwenza kanjani. (okuwukudukisa nokufaka izingane imimoya emibi kasathane)
7. Nokunye okuningi *njengelungelo lokuhlela imindeni ezinganeni zincane, ukuhushula izisu* konke kwenziwe ngaphandle kokuthi *kukhulunyiswane nomzali.*

PDF Complete
Your complimentary use period has ended. Thank you for using PDF Complete.
Click Here to upgrade to Unlimited Pages and Expanded Features

Isizathu esenza ukuba abantu bebe nezinto abasakhala ngazo wukuthi bamatasatasa, babhukelela ukuthi: kuphele izimilo nokuziphatha kubantu abasha, kwande izinga lobugebengu, ukuchitheka kwegazi, ububha, ukuncola nokunye okuningi okwahlukahlukene.

Ngakhoke, okudala ukuthi kube nezindawo ezingathuthukile wukuthi uhulumeni usuke Wanaka lezi ebalwe ngenhla , futhi njengamanje umthwalo omkhulu sekuwukulwa nemiphumela yazo lezizinto akalokhu ematasatasa ezona engafune kuzwa muntu ukuthi ukuthi ukhala uthini ngakho.

Awokuphetha nje uma singabeka eceleni ukulethwa kwentuthuko okungeyona into okumele angabe uphazame ngisho nangephutha kuyo, singathatha sibeke sithi yonke leminyaka kusukela ngo-1994 kuze kume kuphele leminyaka engama-20, uhulumeni kakhongolose ubumatasatasa udiliza izimiso zoMbuso kaNkulunkulu, wase ukhululula inkolo kasathane ukuthi ithathe indawo kahle ngaphandle kokuphazanyiswa yinkolo yobuKristu.

Futhi okumele kwazeke wukuthi ububha nokuhlupheka kwabantu yiyona ndlela noma amatomu uhulumeni akabambe naphinde ase abantu la efuna khona yena ngesikhathi afuna ngaso. Ngakho-ke abantu abahluphekayo abakulindele lokhu abanye babo beze befe abahlwithwayo bahlwithwe. Inqobo nje uma uhulumeni usaphethwe wukhongolose.

Futhi singasho siqinise ukuthi lokho ukwenze ngokukhulu ukuphumelela ngoba ngisho nabantu kuze kube yimanje kusenzima ukuba bekubone lokho, kunalokho bengamlwela. Bengancamela ukufa bebulawa wuhulumeni kunoluthi kukhulunywe amaqiniso ngaye. Lokho-ke esingengabaze ukuthi sekuyikho ukuthumbekela kuyo lenkolo.